# *Ukuhlaselwa Kwe United States*

. . .intando yeNkosi ukuthi izinto ezithile zenzakale ngezikhathi ezithile. Saya eDenver, isikhathi esifitshane nje esedluleyo, futhi saphenduka. Ngiyakholwa ukuthi ngifuna ukubika, umhlangano: Kwakungomunye wemihlangano emikhulu engake ngaba layo eminyakeni. Saba lesikhathi esimangalisayo. Kwaba ngathi kungedlula kancinyane inkulungwane ezimbili ezanika izinhliziyo zabo kuKhristu, ngaphandle kwalabo abamukela ubhaphathizo lukaMoya oNgcwele, ngaphandle kwezibonakaliso ezinkulu lezimangaliso iNkosi yethu ethandekayo uJesu azenzayo phakathi kwabantu lapho eDenver. Saba lokuthululwa okumangalisayo, lokubuya okukhulu ndawonye kwabantu. Saqala lababphose babezinkulungwane ezinhlanu, kwasekuqaleni. Futhi besileMammoth Gardens. Futhi ngobusuku besithathu, kwakungela loba indawo ukuba abantu bame endaweni. Saba lesikhathi esimangalisayo, okobusuku obuhlanu.

2 Sasuka lapho, ukuya eCanada, umfana lami. Futhi safika phezulu ezintabeni, futhi kwabuya isiphepho sikangqoqwane. Ngithemba lezwa ngakho, emsakazweni wenu. Futhi abantu abalikhulu lamatshumi ayisificaminwembili lesificaminwembili babhubha kuso. Futhi savalelwa yinqwaba kangqoqwane okwe—okwe—okwensuku ezithile, phezulu khonale ezintabeni. Futhi umhlangano wethu wedlula, futhi sasesibuyile, saphenduka ekhaya manje, singakasuki njalo. Ngakho siyakholwa konke lokho mhlawumbe kwakungokwentando kaNkulunkulu, ukuthi kuzakuba ngu—ngumhlangano ongcono, futhi lenye into. Ubelenye into ebesiyilungiselwe leyo esingayaziyo.

3 Sihamba sengathi ngumhlaba omnyama, kodwa kungeyisikho ebumnyameni. Siyalandela nje, lapho ukuKhanya kuhamba, khona-ke siyalandela ukuKhanya.

4 Futhi uBaba wethu oseZulwini mhlawumbe ubelento esingazi lutho ngayo. Kungabe kulengozi ebihlalele phezulu lapho. Kumbe, njalo, Angabe ebesebenza komunye umuntu ukumletha. Uyabona, uNkulunkulu engasebenza nje emuntwini oyedwa kanjalo; Uguqula isizwe sonke esenzela lowomuntu oyedwa nje, ukubangenisa phakathi. Futhi-ke siyazi ukuthi konke kwakuyinkazimulo kaNkulunkulu enhle. Futhi siyaMbonga ngakho, futhi ngokusivikela. Futhi kwakulabanengi, thina . . .

5 UBilly lami sancedisa ukubathwala, endleleni lezinto kanjalo, abantu ababetshayelele lakanjalo yonke enye into. Kodwa sabuya ngalapho kungela loba buphi ubunzima. Saphuma endleleni kanye, kodwa lokho kwakuyisikhatshana esilutshwane nje. Futhi omunye umuntu phezulu lapho, epulazini wehla phansi futhi wasidonsela phandle ngethalakitha. Kutshelela nje; kwakutshelela sibili.

6 Futhi kwakungeyinye yezinto ababengazange babelayo okwe. . . babengela, abakudala babengakhumbuli ekubeni lesiphepho esinjalo, kulelolizwe, ngalesosikhathi somnyaka, Roundup, Montana. Futhi sasi. . . Siyazi ukuthi into eyisimanga kanjalo, iNkosi yethu ibelesandla Sayo phakathi lapho kwenye indawo. Kwakungokwenjongo, oko—okobuhle bethu. Okobuhle bethu, yikho lokho okwakuyikho.

7 Futhi-ke ngafonela uMfowethu Neville, emva kokuba sengiphendukile, futhi ngathi, "Ngizakuba ngekhaya ngeSonto. Futhi—futhi nxa ungathanda, ukuba ngehla phansi futhi mhlawumbe ngibe lesikolo seSonto, ngani, kulungile." Futhi ngathi, "Khona-ke ngiza. . . futhi ngizathaba kakhulu ukufika khona."

8 Wathi, "Ngani, sibili, Mfowethu Bill." Wathi, "Sihlezi sikujabulela kakhulu ukuthi ubuye," ngenhliziyo enkulu evulekileyo lokukwamukela, kanjalo. Futhi-ke sikubeke ohlelweni lwakhe lomsakazo, izolo. Ngakho silokubonga ngazo zonke lezi izinto.

9 Futhi lokhu kusa, manje, kuluSuku lukaMama. Abantu abanengi, lizakuzwa intshumayelo yoSuku lukaMama yonke indawo, labantu bekhuluma ngomama, lokho engicabanga ukuthi kuyamangalisa. Ngizakutshiyela inkonzo eseleyo.

10 Lokhu kusa bengimemezile, ukuthi, i—isifundo sokuthi *UkuHlaselwa Kwe United States*, ebengifuna ukukhuluma ngaso. Okuyikuthi, mhlawumbe lizwile umsakazo wenu ukusakaza, futhi lizakuzwa okunengi kwakho lamuhla. Futhi kuzakuba lentshumayelo yoSuku lukaMama, mhlawumbe, lobubusuku ezinkonzweni. Futhi-ke ngacabanga, lokhu kusa, ngizamemezela, "u—ukuhlaselwa."

11 Ngakhuluma ngakho eDenver, lapha, kungasi khona kanye ukukufikela engikukhangeleleyo lokhu kusa, nxa uNkulunkulu ethanda. Futhi, khona, saba lesikhathi esimangalisayo lakho. INkosi ibusise nje ngendlela emangalisayo. Kungani ngezinye izikhathi kusinika i. . .

12 Kufanele unyikinywe kancinyane nje, ukunanzelela lokho okumayelana ngakho, akunjalo yini, kwezinye izikhathi? Futhi siyakhuleka ukuthi uNkulunkulu uzakwenza.

13 Futhi, kanje, phezulu khonale, lapho siqeda. . . AMadoda angosomaBhizimusi baseDenver yibo abasekela umhlangano,

futhi kwakungumsekeli owahlukileyo kancinyane ukwedlula engake ngabalaye ngaphambili.

14 Futhi ngokwejwayelekileyo, abatshumayeli, lapho besekela umhlangano, lizakuthi... "Liwumemezele yini?" "Yebo, ebandleni." Yikho nje ngakho. Labo ngomalusi; bafuna umhlambi wabo ubekwazi ngakho. Lelo libala elihle nje. Lowo ngumsebenzi wabo.

15 Kodwa aMadoda angosomaBhizimusi babeyahlukile kancinyane. Babefuna umhlaba wazi ngakho, ngakho baphosela amadola azinkulungwane ezintathu kumbe ezine ngesaziso kuzo zonke izimota zezitaladeni, amathekisi, wonke amabhampa ezimota, layo yonke indawo. Saba lesikhathi esimangalisayo.

16 Emva inkonzo isiphelile, bangibizela eceleni, bathi, "Mfowethu Branham, kuyini esingakwenzela khona manje? Kuyini esikukoloda khona?"

17 Ngathi, "Ngani, sibili, akulalutho." Ngathi, "Alingikolodi lutho." Ngathi, "Lina, bhadalani isikwelede sami sehoteleni, phansi lapha, nxa lifisa ukukwenza."

18 "O, sifuna ukukwenzela enye into." Futhi babengeke... Ngangingeke ngithathe ulutho kubo.

19 Ngakho umphathi wababiza ngalapho. Wathi, "Ngiyakholwa ungathi uthanda ukuzingela lokugola inhlanzi, akunjalo na?"

Wathi, "Yebo."

20 Ngakho omunye wamadoda abosomabhizimusi wayelepulazi phezulu lapho, futhi wathi, "Ngizamenzela nje isipho salokho."

21 Awu, uMnu. Moore wahamba phezulu ukuyakubona. Wayemele abuyele phose amamayila angamatshumi amathathu lanhlanu, egade ibhiza. Ngathi... UMnu. Moore wathi, "Ngizathanda ukubona uDade Branham ehlezi phezu kwebhiza, esebuyela kulokho." Ngakho yena, bona, futhi...

22 Kodwa, emva kwalokho, kungenani, baya khonale endaweni yekhaya eSilver Plume, Colorado. Lokhu kufanele kube kuloluhlangothi manje. Futhi bathenga ipulazi elincinyane khonale, futhi bangakhela ikhaya elilamakamelo amahlanu khona ngale manje uku... ngaseSilver Plume, Colorado, okuphakathi sibili enhliziyweni yezintaba. Ngakho, lina bagoli benhlanzi, ngithemba kuyisikhathi esihle, ngakho kungaba yindawo enhle yokuphumulela, futhi lapho emva kwemihlangano lezinto, nxa uNkulunkulu evuma. Lokho kuKuye, liyabona.

23 Ngifisa manje ukuba sibuyise ukunaka kwethu eLizwini. Futhi ngiyalithanda iLizwi nje, iLizwi likaNkulunkulu eliphilayo. Liyi, phakathi kweLizwi yiMpilo. Manje, "ILizwi, incwadi, iyabulala, kodwa uMoya unika iMpilo." Futhi iMpilo

iseLizwini, ngoba kuliLizwi likaNkulunkulu. IMpilo ihlezi eLizwini Layo.

Njengokuthi nxa ngikutshela, "Ngiyakunika . . . "

24 Wena uthi, "Ngilambile, lokhu kusa, Mfowethu Branham. Unganginika yini amadola amahlanu?"

25 Ngingathi, "Ngizakunika." Manje, kulempilo kulokho njengempilo ekhona esithembisweni sami.

26 Yiyo indlela efanayo okuyiyo ngoNkulunkulu. Lapho uNkulunkulu ethembisa loba yini, khona-ke lokho uNkulunkulu ayikho, Eyakhe. . .Kufanele abe seLizwini Lakhe. Bona? Leli iLizwi liqakatheke. . .Leli iLizwi liyafana nje loNkulunkulu. LinguNkulunkulu.

27 Ilizwi lakho yilokho oyikho. Liyisibopho sakho; sasivame ukukubiza njalo. Isibopho sakho yilizwi lakho. Nxa singeke sithathe ilizwi lakho, khona-ke angeke ngibe lethemba. Kodwa nxa ngingathatha ilizwi lakho kuloba yini, khona-ke ngumuntu wodumo.

28 Futhi iBhayibhili lathi, "Ekuqaleni kwakukhona iLizwi, leLizwi laliloNkulunkulu, leLizwi lalinguNkulunkulu." Bona? Bona? "Futhi iLizwi lenziwa laba yinyama, futhi lahlala phakathi kwethu."

29 Nxa singacabanga, lokhu, umhlaba uqobo esiphila kuwo, lokhu kusa, yiLizwi likaNkulunkulu. *Leso* sihlahla yiLizwi likaNkulunkulu. Futhi wena, umzimba wakho, yiLizwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu wawukhuluma wabakhona kanjalo, wawenza kuvela kokungekho; okwakungelalutho.

30 Wake wananzelela impilo yomuntu, lapho eyavela khona? Isicucucu sesakhi esisodwa esincinyane, sicinyane kakhulu ukuthi ilihlo lomuntu alingeke lisibone; kuphela ngengilazi enkulu, elamandla. Futhi phakathi lapho kwaphuma ikhulu lamatshumi amahlanu, indoda elamaphawundi angamakhulu amabili. Kwavela ngaphi? Bona? UNkulunkulu wakukhuluma nje, futhi kwaqalisa nje, ngemvelo, kukhula, futhi lapho kwaveza khona kanye. Wakhuluma sonke isihlahla, yonke into, ekubeni khona. Futhi kuyinto emangalisayo, into emangalisayo, lokhu kusa, ukubona iLizwi likaNkulunkulu.

31 Manje, lokhu, lokhu kusa, kuThestamente eliDala, sivula kuMilando. Bengiphambanisekile nje kancinyane. . .Lapho lisavula khathesi kuMilando, isahluko 18. Ngidiniwe kancane nje. Kodwa nxa iNkosi ithanda . . .

32 Kangilaqiniso; sizakuba kwazi okunengi ngoLwesithathu ebusuku. Nxa iNkosi ithanda, futhi ibandla lisizwa likhokhelwa ngaleyondlela, ngingathanda ukuba loLwesithathu, oLwesine, oLwesihlanu, uMgqibelo, leSonto, njengemvuselelo lapha, imvuselelo yokufundisa nje evela eLizwini. [Ibandla lithi, "Ameni."—Mhl.] OLwesithathu, oLwesine, oLwesihlanu,

loMgqibelo, leSonto, ngifundisa nje eLizwini; hatshi inkonzo zosiliso, kodwa ukufundisa. Mhlawumbe iNkosi izasikhokhelela ngaleyondlela. Futhi-ke thina . . . Ngiyathanda nje ukuba lani futhi ngibe lobudlelwano ngaseLizwini, kanye lani. Ngiyabonga, kakhulu, ngalowo omuhle, omangalisayi u "ameni."

33 Manje, esahlukweni 18 seMilando, futhi siqala ngendima 12, sifisa ukusekela imicabango yethu, okwesikhatshana nje ngalesi isifundo esiqakathekileyo sosuku. IMila- yakuQala . . ., kumbe, iMilando yesiBili, ngicela uxolo, IMilando yeSibili 18:12, futhi sizabala ingxenye yawo lapha, futhi sibone lokho iNkosi yethu ezasenza sibekwazi.

> *Futhi isithunywa esahamba ukuyabiza uMikhaya sakhuluma kuye, sisithi, Khangela, amazwi abaprofethi amemeza kahle* e*nkosini ngamlomo munye; ngakho ilizwi lakho, ngiyakucela, lifanane lelomunye wabo, futhi ukhulume okuhle.*
>
> *Kodwa uMikhaya wathi, Kuphila kweN*KOSI*, lokho uNkulunkulu wami akutshoyo lokho ngizakukhuluma.*
>
> *Futhi lapho esefikile enkosini, inkosi yathi kuye, Mikhaya, sizakuya* senyukele *eRamothi-gileyadi empini, kumbe* siyekele *na? Futhi wathi, Yenyukani, liphumelele, futhi bazanikelwa* esandleni *senu.*

34 Manje, ukusekela umcabango wethu okwesikhatshana esimbalwa; ilizwi elilodwa nje Kuye njalo, kulokhu.

35 Baba wethu oseZulwini, ngezinhliziyo ezibongayo siza Kuwe nje manje, ngenxa yemiphefumulo elahlekileyo, ngenxa yalabo abalezidingo, ngenxa yebandla. Ukuthi, uMoya oNgcwele mawungene eLizwini ngokuphangisa manje, siyakhuleka. Ulise khona kanye enhliziyweni yonke lapha elesidingo. Futhi lapho Enikela uMbiko Wakhe owamandla eLizwi enhliziyweni, sonke masiphumelele Ngalo, lokhu kusa; sihamba, siphuma ethabhanekeli, sithokoza futhi sidumisa uNkulunkulu, sisithi, "Inhliziyo zethu ziyavutha ngaphakathi kwethu, ngenxa yobuKhona Bakhe." Ngoba siyakucela eBizweni Lakhe. Ameni.

36 Inkundla yethu isekelwa, lokhu kusa, phezu kosizi. Futhi iThestamente eliDala, kimi, lihlezi liyithunzi kumbe i—kumbe ukubikezelwa kweThestamente eliTsha. Izikhathi ezinengi, omunye umuntu uthe, "Mfowethu Branham, kungani uhlala uthatha iThestamente eliDala? Phose izikhathi zonke, ukuthatha isifundo, uzabuyela kuThestamente eliDala." Ngiyakwenza ngoba ngiyathanda ukufanekisa. Ngiyathanda . . .

37 Imfundo yami inlutshwane kakhulu, njengoba bonke besazi. Futhi indlela kuphela engiyaziyo yokuba kwenye indawo duzane lokuqondileyo, yikubona ukuthi iphetheni yayinjani, yikukhangela kupulani futhi ngibone lokho ebiyikho. Futhi khona-ke ngiyakwazi khona *lokho* obekuyikho kuzakuba yinto ehambelana la*lokhu* okulapha, ngoba kulithunzi lakho nje.

Futhi ngihlezi ngikhangela emuva kuThestamente eliDala ukubona lokho abantwana bakoIsrayeli abakwenzayo, ukubona lokho isijeziso sesono esasiyikho, ukubona lokho ukulunga kwabaprofethi okwakuyikho, ukubona zonke lezozinto ezaziyikho; futhi-ke ngizakuba lombono ukuthi *lokhu* kuyini lapha, okufanise ngaphambili okuzakuba sekuphetheni kwakho konke ekucineni.

38 Ngalesi isikhathi, kwaba lento enkulu eyenzakala kuIsrayeli. Kwakusebumnyameni kwaphakathi kobusuku babo.

39 KuThestamente eliDala, nxa iNkosi ithanda, mhlawumbe ezinkonzweni ezilandelayo, ngizathanda ukutshengisa ukuthi iziKhathi zeBandla eziyisiKhombisa zafanekisa njani kuThestamente eliDala. Ukuthi baqalisa kanjani khona kanye njengase—sekuqaleni kweziKhathi zeBandla zebandla labeZizwe, futhi behla khona phansi esikhathini esifanayo sobumnyama, futhi baphuma bangena esikhathini senkazimulo sePhentekhosti, ekwehleni kukaMoya oNgcwele ebandleni lokuqala ele. . . esikhathini samaJuda. Khona-ke ekudluleni kwesinye isikhathi sebandla labeZizwe, esikhathini esimnyama, futhi-ke bephuma njalo bengena kuMileniyamu, ekucineni.

40 Manje, ukuba kanjani emuva phakathi laphakathi kweminyaka yamakhulu khonale, linkosi enkulu uAhabhu weza emandleni. Futhi wayengathi wayegibela phezu kodumo lwamanye amakhosi akoIsrayeli, okwakuyi. . . UAhabhu, sibisakhe, wayeluhlobo lwe—lwekholwa elisemngceleni. Ngihlala ngimbala ngaleyondlela, ngoba wayeyingxenye yesikhathi ku*lolu*hlangothi lothango, ingxenye yesikhathi ku*lolo* hlangothi lothango.

41 Wawungasoze ubekwazi lapho okokuma khona, umuntu ongahlalisekanga kanjalo. Kumbe, umuntu ozitsho ukuba ngumKhristu, futhi engahlalisekanga kanjalo, awazi ukuthi wenzeni ngalowomuntu. Lamuhla bangumKhristu; kusasa awukwazi lapho abakhona. Ebandleni lamuhla, bayakholisa futhi behlabela lokudumisa uNkulunkulu; futhi kusasa, baphandle benatha, bedakwa, begijigijima ngalapho. Khona-ke lolohlobo lomuntu lunzima ukwenza ulutho ngaye.

42 Ngiyakhumbula, njengomfana, sake saba le—lebhiza elidala, lalivame ukweqa intango sonke isikhathi. Futhi ngithemba abanengi benu madoda, osowethu, lingabakwazi emuva ezinsukwini zamabhiza, izinsuku zezinqola. Ngeza isikhathi esinengi, khona phansi kulesisitalada lapha, ngitshayela ibhiza lenqola, sibisami. Ngilamatshumi amane lanhlanu. Ngakho, baya. . . ngiyakhumbula, lelibhiza elidala, sasifaka ijogwe entanyeni yalo, njengalokho ongakwenza inkomo, ukumenqabela ukweqa uthango. Futhi wayeseqa, kungenani. Futhi wayelengisa lelojogwe futhi azitshile, lokunjalo. Wayeseqa ngale kothango. Futhi ngolunye usuku, lokho yena. . .

43 Ngamangala ukuthi kuyini lokho okwakukhanga lowomfo omdala. Futhi kwakulegodi elihobokeleyo phansi lapho. Manje, wayesima otshanini i-alfalfa, o, bubude, kodwa wayefuna . . . Kwakulamahlamvu esivandeni sotshani phakathi egodini elihobokeleyo. Futhi weqa lolothango futhi langena kulelogodi elihobokeleyo lapho zonke incingo lamangilasi, lapho khona esasi . . . eyethu—eyethu indawo yokulahlela izibi, futhi lingena phakathi lapho ukuba lithole ukugcwalisa umlomo ngalolotshani besivande sezihlahla. Futhi senza okokuthatha amanye amabhiza futhi samdonsela phandle kwalelogodi elihobokeleyo. Lapho lingena phakathi lapho, lalenga. Futhi lapho esima phandle lapho, wayeqhuqha futhi esopha, futhi—futhi lokuthi wayenjani, ukuba lithole nje ukugcwalisa umlomo, kumbe okubili, kwalolotshani besivande sezihlahla, lapho emile otshanini i-alfafa, phose bufika emadolweni akhe.

44 Ngihlezi ngicabanga ngalowomfanekiso. "Indlela yesoni inzima." Wayengafuni nje ukuhlala ethule lapho ayesidla khona futhi elesikhathi esimangalisayo, kodwa i . . . wenza okokweqa uthango futhi ahluzuke konke asikeke kanjalo, ukuthola nje ukugcwalisa umlomo ngo—ngotshani obolunye uhlobo olwehlukeneyo. Manje, yiyo phose indlela nje abantu abenza ngayo, abeqa uthango lwamadlelo kaNkulunkulu. Kalikukholwa lokho yini? Uyaphuma, uyaphuma lamuhla; angene phakathi. Usebandleni, esiba lesikhathi esimangalisayo; khona-ke, kusasa, bathengise okwenye into kanjalo. Kukwenza kubenzima kakhulu.

45 UAhabhu wayengumuntu oyamele kokunjalo. Konke lapho umoya ovunguzela khona, uAhabhu wayelungisele ukuya khona, nxa kwakuku*lolu* uhlangothi kumbe *loluyana* uhlangothi. Umtshado wakhe wamtshaphaza, lomfazi omncinyane owayeyinkosazana encinyane, indodakazi yenkosi, uJezebheli. Ebukeka kuhle sibili, umfazi omuhle sibili, kodwa enhliziyweni yakhe wayemubi. Futhi wayengumkhonzi wezithombe, futhi wabangela wonke uIsrayeli . . .

46 Manje, ngingathanda ukuhlala lapho okwemizuzu emilutshwane nje, njengalokho okwakuyikho, ekungeneni phakathi komongo wobumama, bona, lapho. Futhi lapho indoda iqala ukuthatha; uhlobo lwenkazana, umfazi lowo a . . . Kwedlula nje ukukhangela ubuhle. Kumele uthole umuntu, obanjaniswe konke umphefumulo lomzimba; umuntu ozakuba sibili ngumngane wakho lomngane oseduze, ozakunamathelana lawe ebuhleni lasebunzimeni.

47 Manje, kodwa, uAhabhu, wamwela nje ngoba wayemuhle, ngiyacabanga, futhi wathatha. Kwakungeke kube ngolunye ulutho ngaye, ngenxa yokuthi, emubi njengalokho ayeyikho. Futhi wasesiza lapho. Futhi-ke, yebo, ezithandele kuye kanjalo, futhi wamthanda, ngani, wabangela wonke uIsrayeli ukuthi awone lokumelana loNkulunkulu, lokudilizela phansi ama-

altare kaNkulunkulu; wakha ama-altare kaBhalimu. Futhi babalokukhonza uBhali kuIsrayeli wonke, ngalesosikhathi.

48 Manje, umkakhe wayebangele uNabothi olungileyo . . . Abanengi benu likelabala ngaye. Ukuthi wathatha njani isivande sakhe, ngokukhohlisa; wafunga, amanga, futhi waba labafakazi bamanga ngaye. Ngoba, wayefuna ukwenzela umkakhe ulutho; futhi wabulala umuntu olungileyo, ukuze athole isivande esasibambane lendlu yobukhosi.

49 Konke lokhu, uNkulunkulu wayekhangele phansi. Ngakho umprofethi, uElija, owaye ngomkhulu, inceku elamandla yeNkosi, waprofetha futhi watshela uJezebheli lokho okwakuzakwenzakala kuye. Futhi watshela uAhabhu ukuthi izinja zizakhotha igazi lakhe uqobo. Manje, lapho uNkulunkulu ekhulume loba yini . . . Yebo, lezonsuku, iLizwi eliqondileyo leNkosi leza ngomprofethi.

50 "UNkulunkulu, ngezikhathi zakudala langamathuba amanengi wakhuluma kubobaba ngabaprofethi, kulolusuku lokucina ngeNdodana Yakhe, uKhristu Jesu."

51 Ngakho, *Leli* yiLizwi. Futhi nxa kungaba lolutho oluphambene la*Lokho*, kutshiye kunjalo. Bona? Manje, okwesibili, Uyakhuluma lamuhla ngomprofethi, umboni, lokunjalo. Kodwa kuqala yi*Lokhu,* iLizwi. Manje . . .

52 Futhi uAhabhu wayeyenze lobububi. Futhi waqhubeka; uNkulunkulu ebusisa abantu okweminyaka eminengi. Futhi, ekucineni, uJehoshafathi wayeyinkosi phezu kukaJuda, lapho uAhabhu eyinkosi phezu kukaIsrayeli.

53 Futhi, khona-ke, uJehoshafathi wayeyindoda elungileyo. Wayeyindodana kaAsa. UAsa waye yi—yindoda elungileyo, futhi wadilizela phansi ama-altare wonke e—ezithombe; wakha ama-altare kaJehova. Futhi bona bele le—lemvuselelo, njengoba kwakunjalo, phezulu eJuda.

54 Futhi-ke emva kwesikhatshana, uJehoshafathi, kumbe uAhabhu ngingatsho, wathumela, futhi wathola esinye isiqinti selizwe, eSiriya, ukuthi wacabanga ukuthi sasingesakhe, ukuthi wacabanga ukuthi wayengahamba ayesithatha. Ngakho wacela luJehoshafathi uba engabuya futhi enze umanyano laye.

55 Futhi, yebo, kulengozi enkulu manje, bona, lapho bebona linkosi enkulu, uAhabhu, phansi lapho, futhi babona lowu omkhulu phezulu lapha, uJehoshafathi; omunye wabo, obuthukuthuku; omunye, indoda egcwaliswe nguMoya. Khangela ukuthi wenza njani umanyano wakho. Khangela lokho okwenzayo, ukuthi uzihlanganisa kanjani labangakholwayo. Zigcine uhlanzekile, ikakhulu osukwini esiphila kulo.

56 Ngiyakholwa, ibandla, kungelathunzi lokuthandabuza, lokhu kuvutha enhliziyweni yami. Yiso isizatho ngikhangelele lobubusuku obuhlanu, masinyane; ukuthi kube kanye njalo,

kungakenzakali, unike lelibandla ukuhlolisisa okupheleleyo, ngeBhayibhili.

57 Siphila emathunzini esikhathi. Kungenzakala loba yisiphi isikhathi. Lapho sibona izikhathi zisiza izinto zithathe indawo; ububi sibili besitha, amandla uqobo. Sikhangela kuziphepho zikangqoqwane lento zonke zisenzakala, zonke lezi izifo, zonke izinto ezehlukeneyo. Konke kubangelwa yilezi iziphazamiso, zokudubula lawa amabhomba lezinto. Baxubanisa izinto zonke phezulu lapha. Futhi bayavoxavoxa kuleyo labhorathori enkulu kaNkulunkulu, ukugcwalisa iLizwi Lakhe. Kuzakwenzakala.

58 Ngakho, "umuntu wesono" ephakama, amandla, akhohlisa kakhulu. Minabo. Ngizwe umtshumayeli lamuhla ekuseni, indoda egcwaliswe nguMoya, ethatha uphawu lwesilo futhi ekhuluma ukuthi umphikukhristu wayeyiRussia. Yimpambeko bani. Uh-huh. IRussia ayilani lokokwenza lakho. Hatshi, mnumzana. Lokho ngokoMbhalo. Manje, kodwa nanzelela kulesi isikhathi esikhulu esisiphilayo, isixwayiso.

59 Manje, luJehoshafathi, engazathi uzwa kuhle ngoba inkosi enkulu kaIsrayeli yathi, "Woza, ungivakatshele." Futhi wehla phansi lapho. Futhi bathatha inkabi lemvu, lokunjalo, benza umhlatshelo. Sonke isikhathi, enhliziyweni kaAhabhu phansi lapho, wayengumkhohlisi, ngoba wayengakhonzi lokho... kumbe enikela lezo zimvu lezinto ngenhliziyo yeqiniso, ngoba, phezu kwakho konke, weyama kakhulu enkolweni yomkakhe.

60 Futhi nanzelela, njengoAhabhu wathatha uJezebheli ngaleso sikhathi sesikhathi sobumnyama sakoIsrayeli, waletha ukukhonza izithombe koIsrayeli, umfanekiso sibili walamuhla. Esikhathini nje sobumnyama; lapho siphuma phakathi kwabapostoli bakuqala, ibanga lesibili, ibanga lesithathu, khonale esikhathini esimnyama, iminyaka engamakhulu alitshumi lanhlanu. NjengoAhabhu wathatha uJezebheli futhi waletha ukukhonza izithombe koIsrayeli, lenza kanjalo ibandla loMoya oNgcwele lithatha izinkolo, futhi baphendukisa ukukhonza izithombe, futhi lamuhla kuyisimo sesiKhristu. Bona? Bona, kumnyama sibili. Futhi manje kwehle kwaya phansi, usuku ngalunye; isikhathi sebandla ngalinye sehla phansi kuleyonto efanayo, kunomphela omkhulu, kusiya kusimo sobuthukuthuku sisiza, isiKhathi seBandla leLawodikeya esibuthukuthuku. O, lihola bani elesabekayo esiphila kulo.

61 Lalelani. Ngifuna ukuvuma khona lapha, ngingakaqhubekeli phambili. Ngingumtshumayeli wefashini yakudala olangazelela ukubona insuku zakudala njalo. Ngibone okunengi kwalokhu kulingisela, iHollywood isenza iVangeli libe yibukhazikhazi, ngize ngigule kangako futhi ngidinwe ngakho. Yebo, mnumzana. Ngifuna ukubona ifashini yakudala. Ngiyesaba ukuthi senza isiKhristu sibe sihle kakhulu ebantwini; kungumzila oyingozi.

62 Manje, uJehoshafathi wehla phansi, uyacabanga, "O, awu, linkosi enkulu yakoIsrayeli, ngiza nje . . . O, siza . . . Kuzalunga." Futhi khona phakathi kwakho konke lobu ubukhazikhazi obukhulu, kuyini akwenzayo? Wenza umanyano, ukwenyuka lokulwisa isitha, ngokuvumelana, ngoba bathi, "Sonke singabantu abafanayo." Kodwa babengayisibo. Elinye kwakuliqembu eligcwaliswe nguMoya, elinye kwakuliqembu elibuthukuthuku. Ayisibo abantu ofanayo. Hatshi, mnumzana. Awungeke ube . . .

63 Ubumnyama abungeke bube lobudlelwano lokukhanya. U—ubusuku abungeke bubekhona ebukhoneni bokukhanya kwelanga. Futhi isikhathi esiyingozi kakhulu esikhona, siphakathi kwezikhathi. Lapho nje ilanga litshona kumbe liphuma, yisikhathi esiyingozi kakhulu esikhona. Kakulakukhanya okweneleyo ukubona ngokusobala; amalayithi akho emoteni yakho awayikukhanya kuhle lokucacileyo. Kungcono kube mnyama kumbe kukhanye. UJesu wathi, "Tshisa kumbe uqande, akula buthukuthuku." Nje, lowo ngumzila wengozi.

64 Futhi-ke uJehoshafathi, lapho esehla phansi, futhi-ke lumanyano omkhulu wenziwa, ongazange uthokozise uNkulunkulu. Futhi nanzelela, ngesikhathi sakhe nje, konke okuthabisayo manje, ukuthaba manje "Ngilesisa ngalinkosi. Futhi, o, ngi—ngi—ngilobudlelwano lalumakhelwane. Ngile . . . "

65 Bona, nanzelela, lokho, bandla. Bona? Yikho lokho okubangela uhlupho lonke kuleli ithabhanekeli lapha, lakwamanye. Bona? Nanzelela mayelana ngalokho ohlangana lakho. Bona? Phuma khona phandle, futhi ube ngokaKhristu kumbe umelane Laye. Bona?

66 Manje, lumfo wenza umanyano, futhi wacabanga ukuthi wayeyenze into enkulu. Kukanti, lapho esithi, "Akula lapho manje, singakahambi, kufanele sibuze iNkosi ngalokhu?" Manje, uJehoshafathi wayelenkolo eneleyo kuye, ephutheni lakhe, ukuthi wayehambe phansi lapho kulinkosi, kodwa wayelenkolo eneleyo eseleyo kuye ukucabanga, "Awu, kufanele sibuze iNkosi."

67 Manje, uAhabhu wayeqhubeka ephuma engakhulumanga ngitsho ilizwi; ukuhlela kwakhe uqobo, okwenyama, indlela zomuntu zokwenza izinto.

68 Ngiyamangala nje khona lapha, bandla, nxa lokho kungazange, izikhathi ezinengi, sesenze amaphutha. Kucabangisise, futhi uthi, "Awu, kufanele kube *ngali*ndlela," futhi sakubeka kanjalo.

69 Ngicabanga ukuthi yikho lapho inengi lobuvangeli beMelika obukhona lamuhla, ukuthi sikubeke esimweni se—se, ngingathi, ubuvangeli beHollywood, kugcwele okumayelana ngobukhazikhazi. Siyananzelela umvangeli ubuya

kupulatifomu, lamuhla, futhi, minabo, uyazikhukhumeza, futhi akhulume insomo ezinengi engakaqali ukutshumayela, lezinto ezinjalo, futhi aqhubeke futhi enze njengomahlekisa, kuphuluphithi. Lapho kusiza isikhathi sokwenza ukubizela ku-altare, abantu kababoni ngitsho ukuqiniseka ukwenza ukubizela ku-altare. Kunjalo. Yiso isizatho umhlaba ungene esimweni sobuthukuthuku lamuhla, okiso.

70 Ngiyamangala, lamuhla. Kuyikuba nje, lamuhla, ngi... Ibandla, sizamile ukuthumela abafana bethu esikolo, ukuba befunde okwezengqondo, lokunye okunjalo, ukwazi ukuthi bangamisa njani uhlelo, ukungena kuphuluphithi lokuhlela okwethu...Umbiko uyahuga kakhulu, okokuthi uzakubamba abantu, futhi ubambe ukulalela kwabo. Labanengi abezengqondo abakhulu bayaphuma njengabafundisi kanjalo, futhi benze kube ngumdlalo wesiteji futhi bafake okunengi kolunye ulutho. Futhi ngiyamangala nje, lapho be...ukuthi... Sihlezi sikhuluma ngobuhle lokukhanga kwebandla. Kodwa siyehluleka ukubatshela, “Lowo ozaNgilandela, makazidele, athathe isiphambano sakhe, futhi Angilandele.” Angazi uba singenzanga ubuhle bebandla babubeka kakhulu, emuntwini ongena phakathi.

71 Njengokuthi, ibandla leBaptisti lamuhla lilesitsho, “Isigidi esengeziweyo ngo ’44,” bethatha amalunga ngezinkulungwane, lamatshumi ezinkulungwane, bengaphendukanga, abantu nje abangenayo futhi bajoyine ibandla. Futhi kungumthwalo eBandleni likaJesu Khristu, ukungenisa amalunga anjalo phakathi. Balokhu benatha. Balokhu bebhema. Balokhu bebheja. Balokhu beqamba amanga.

72 Babuya ebandleni, bekhangelele ukuthokoziswa liqembu labavangeli beHollywood abaphakamayo, bafake ubukhazikhazi obunengi, lezikhaliso ezinengi ezinkulu zihlezi phezulu laphansi kupulatifomu.

73 Lapho, befanele babe lokubizela ku-altare kwefashini endala, okube uNkulunkulu kuqala, bekhala, phansi lapho; lapho amadoda labafazi bengalandi ubukhazikhazi, kumbe ukugijima phezulu futhi benze abahlekisi, kodwa ukwehla phansi ku-altare futhi bananzelele ukuthi ukufa kukaJesu Khristu lapho, lowo owabafelayo, ukuthi sebephenduka ekuqinisekeni ngoNkulunkulu njalo.

74 Ngingazi ukuba asiphili yini kulolohlobo lwesikhathi, lapho esithatha abavangeli abakhulu, njengabanengi abachapha amazwe lamuhla, abavangeli abakhulu abazakalayo abataditsha okwezengqondo futhi bakhange abantu ebandleni. Kodwa emva kokuba usubangenise ebandleni, khona-ke kuyini ozakwenza kubo? Kuyini—kuyini okuzakwenzakala emva kokuba sebengene ebandleni? Ukujoyina nje ibandla, futhi babuyele lesono esifanayo futhi lesifiso esifanayo abangena

ebandleni laso. Babuyela ngendlela efanayo. Futhi yiso isizatho, lamuhla, umhlaba uyakhangela, wathi, "Awu, nxa *lowo* muntu elenkolo, nxa *lu*muntu elenkolo . . . "

75 Ngiyesaba ukuthi sikwenze kwabalula kakhulu. Kuyi, ngiyathanda . . . Ngiyacabanga, intokozo, ngeqiniso, ngiyakholwa ukuthi zonke intokozo zihlezi kuJesu Khristu. Kunjalo. Ngiyakholwa ukuthi kuyintokozo lokuthaba. Kodwa khumbula, mfowethu, kuyindlela yobuhlungu lokuhlupheka lesiphambano. kufanele likunanzelele lokho, futhi. Kunjalo. Angazi uba singakupendanga kwababutshelezi kancinyane—kancinyane sibili.

76 Njengokuba, ngangikhangele, futhi umkami wabeka . . . ngaqala ukuphuma, futhi wafaka irozi ebhatshini lami lokhu kusa. Wathi, "Kumele ukugqoke. Umama wakho uyaphila."

Futhi ngathi, "O, sithandwa, angikwazi."

77 USuku lukaMama luyamangalisa, kodwa lokho kunjengomhlaba, sebelwenze lwaba yinto yokuthengiselana, ukuthengisa nje amaluba lezinto ezinjalo. Ngani, kulihlazo kumama. Ngani, umama wami ungumama wami nsuku zonke zomnyaka, yebo, mnumzana, hatshi nje usuku olulodwa.

Ngizakuthi, "Uyamthanda umama wakho?"

78 "Ngamthumela isixha samaluba ngoSuku lukaMama lokucina." Awu, mfowethu, kumele abe ngumama nsuku zonke. Kodwa sekungokokuthenga lokuthengisa.

79 Leloluba lihle. Ngiyalithanda iluba elihle. Ngicabanga ngalokho njengalokho engikwenzayo . . . Lihle kanganani iluba. Liyahluma. Futhi lilamakha. Futhi odlulayo uyalinuka. Inyamazana ibuya ngalapho, ilinuke. Kodwa, manje khangela, lihle. NjengeBandla leNkosi uJesu Khristu, Kuyinto eyinkazimulo; Ukusiliswa nguNkulunkulu, lamandla, lezimangaliso, lezibonakaliso, lezimanga, lenkululeko esonweni. Kuyindawo enhle. Kodwa, khangela, nxa leyo rozi . . . Kuzamele sibuye, iBandla, njengemvelo yonke.

80 Leyo rozi, inhle, inkomo yonke elizweni ingalikhotha nxa ingakwenza. Kodwa imvelo yalinika izikhali ezincinyane, imikhonto emincinyane inamathela phandle lapho, ebizwa ngokuthi ameva, futhi ziyawatshiya. Lokho kuyalivikela. Yikho kanye.

81 Futhi ngiyacabanga, lamuhla, nxa singela Lizwi likaNkulunkulu, elibukhali kulenkemba esika nxazombili, ngasebuhleni bamandla obungcwele bukaNkulunkulu, sizakuvumela inkomo yonke elizweni ikhothe Kulo futhi lokuLikhipha. IzakuLingcolisa. Kuzakuba ngumlandu eBandleni. Kunjalo.

82 Ngiyacabanga, lamuhla, lokho esikufunayo ngokunengi kwabefashini endala, abatshumayeli ababizwe nguNkulunkulu,

abaluhlaza, mhlawumbe bengelamfundo enengi, kodwa bezaletha abantu phansi ku-altare, futhi lapho bagomele. Hatshi ngentokozo lokuhleka, futhi badubule itshingamu, futhi bafake ibizo labo ephepheni; kodwa, mfowethu, okudala ukukhala futhi lokufa, kuze kuthi amadoda labafazi baphenduke ngokupheleleyo ezonweni zabo futhi basondele duze loNkulunkulu. Ameni.

83 Ngiyakutshela, silabo, "Phakamisani izandla zenu, abafuna ukwamukela uKhristu," konke kanjalo. Lokho kulungile, mfowethu, kodwa lokho aku—lokho akukhuphi isono.

84 Ufanele uphenduke kuqala, uqonde, yehla phansi lapho futhi ukhale sibili. Ngiyakhumbula izikhathi lapho abantu befashini endala babesehla phansi kwemikhandlu yezihlalo, futhi phezulu laphansi emigwaqweni, bekhala, futhi bekhuluma labomakhelwane babo. Lawo kwakungamaKhristu alolosuku; bebatshela ngezinto zeNkosi.

85 Futhi, lamuhla, siyafaka ibizo lethu ebhukwini lebandla, futhi siphume phandle futhi sihlale ngekhaya, futhi singakhulumi ilizwi Ngakho. Singelandaba. "Ingqe kuphela singabebandla, kulungile." Ngileqiniso siphambukile lapho, bantu. Hlolisisani. Ngoba, lokho akusoze kume ekwahlulelweni. Hatshi, mnumzana. Akusoze.

86 Akulalutho olusilelayo, "Lowo ozaNgilandela, makazidele sibisakhe, athathe isiphambano sakhe, futhi afe nsuku zonke." Hlala ufile, lapho esiphambanweni. Kunjalo. Ubuhlungu! "Indlela, ngizathatha indlela," uyahlabela, "kanye labalutshwana abeyisiweyo beNkosi."

87 Ngicabanga lamuhla, yisikhathi bani esiphila kuso! Lokho, ukuvangela, bakufaka ekukhanyeni okukhulu kwamalayithi, futhi bayazama. . .Lapho ubona umvangeli esiza edolobheni, uyamangala. Mina, imihlangano yami ibe lecala kokufanayo. Kunjalo. Ngiyamangala ukuthi ngubani oza edolobheni, kwesinye isikhathi, umvangeli kumbe uJesu Khristu? Ngani, bale. . .

88 Ngahamba endaweni lapha, kungasikude, lapho umvangeli othile kwakufanele abuye. Futhi iBizo likaJesu. . .Ngani, babelomfanekiso womvangeli, "indoda yehola," indoda ela*lokhu,* lendoda ola*lokho*.

89 Mina, kwezinye izikhathi ngicabanga ngenkonzo yami, futhi ngibone abantu besiza. Futhi ngangingena ekamelweni lehotela, ngithi, "Nkulunkulu, ngubani—ngubani abantu ababuya ukuzombona, mina kumbe Wena?" Bona? "Nxa besiza ukuzobona mina, balahlekile, lakhathesi; kodwa, O Nkulunkulu, ngidilizele phansi, ngithathe. Ngifuna ukukuMela, Lowo Esizakuma phambi kwakhe kolunye usuku, lezandla ezithuthumelayo lokuthuthumela, umzimba obuthakathaka,

ukhangele Kuwe. Ngisazi ukuthi umphefumulo wami ulenge ngesinqumo Sakho." Asiphakamiseni uKhristu.

90 Lamuhla, uthi, "Awu, ngingoweBaptisti. NgingumMethodisti. Ngingo wethabhanekeli. Ngenza *lokhu*." O, lokho kakulani lakho; ngitsho lento. Ngiyamangala kwesinye isikhathi.

91 Lapha kungesikude, ngabona i—isaziso phezulu, lapho umkhankaso othile wawusiza edolobheni. Futhi ilizwi lendoda, ibizo lendoda libhalwe ngamabala amakhulu kuyo yonke indawo, njenga*lokho*. Futhi phansi, ekhoneni elincinyane, wathi, "UJesu Khristu ofanayo izolo, lamuhla, lanininini," khonale phansi ekhoneni. Bona?

92 Bathatha bonke ubungcwele kuKhristu, futhi babubeka komunye umuntu, kumbe elinye ibandla, kumbe enye inhlanganiso. Mfowethu, ngiyakutshela, ungaphunyuka ngobukhazikhazi, inhlekisa yeHollywood, kanjalo, phakathi kwe. . .ngebandla. Kodwa, eBukhoneni bukaJesu Khristu, Nguye Lowo ozakukhazimuliswa. Kunjalo. Manje, lelo liqiniso, mfowethu othandekayo lodade.

93 Lingangizondeli. Likhumbule nje ukuthi ngitshumayela kini. Ngifuna ukutshumayela sengathi leyi yintshumayelo yokucina engingayitshumayela empilweni yami. Ngifuna ukutshumayela, yonke intshumayelo engiyitshumayelayo, sengathi nganginguumuntu ofayo etshumayela ebantwini abafayo. Futhi, nginguye; ukukhanya kwami kuyacima, nsuku zonke; lokwakho kunjalo, futhi. Futhi singabenyama abafayo. Futhi kumele sikhangelane loNkulunkulu ophilayo, ezinye zalezinsuku, futhi kungcono sibe siqiniseka ngokujulileyo ngalokhu.

94 Ebukhazikhazini nje, futhi siqhubeka, futhi lokujoyina ibandla, futhi sihambe *lapha* la*lapho,* senze *ngali*ndlela la*leyo*ndlela.

95 Kungcono sibe lemihlangano yefashini endala yokukhuleka emakhaya ethu, futhi simemeza kuNkulunkulu, imini lobusuku. Usuku lusondele, "isikhathi sokuhlukuluzwa, isikhathi sohlupho." IBhayibhili lathi, "usuku olumnyama." Futhi siphila kilo.

96 Ukuthi kanjani lindoda enkulu yehla kanjani phansi lapho ngaphansi kokuthaba. Wazihlanganisa lababuthukuthuku, labasemgceleni, futhi wacabanga ukuthi wayesenza into enkulu, wacabanga ukuthi uNkulunkulu wayembusisa. Futhi engananzeleli ukuthi khona lapho wayengenisa leliqembu lonke kanye laye. Ini? "Iqembu lethu elincinyane, lika—likaJuda phezulu lapha, lalizakwehla phansi futhi sizijoyinise lamabhendi amakhulu kaIsrayeli. Sizakuba ngabantu abakhulu kangakanani."

97 Nanko-ke. Futhi yiwo kanye umzila wokukhohlisa udeveli awusebenzisayo manje, ukungenisa umphikukhristu; kuqinisekile nje njengokuma kwami kulokhu. "Sizabambanisa imizamo yethu ndawonye." Asingeke sikwenze lokho. Ababili bangahamba njani ndawonye, ngaphandle kokuthi bavumelane?

98 Leyi iUnited States isenza esifanayo, isehlakalo esifanayo lephutha elifanayo, lapho ibanjaniswa leRussia emuva-le. Esikhathini basebelungisele nje ukuba lempi, futhi sazibophanisa sibisethu ndawonye leRussia. Futhi manje uyabona lokho esilakho, awukuboni na? Balezindizamtshina zethu lezimfihlo zethu zonke, lamabomba ethu awe-athomu lezinto zonke zikhona khona-le, ukuze bakudubulele kithi. Into efanayo ihamba ngokomoya.

99 Khona-ke siyafumana, emva uJehoshafathi esenze lumanyano, futhi babuza. Manje khangela, khangela umhlaba wangaphandle, wathi, "Sibili, silabaprofethi abanengi phansi lapha. Sileseminari egcwele ngabo."

100 Bayahamba phansi futhi bathathe abafo labo abafundisiweyo, ababesazi okwezengqondo, labo abazi konke ngakho. Wathi, "Wozani khathesi, futhi siyabuza njalo lokubuzisisa iNkosi."

101 Bonke babo, yebo sibili, engqondweni yabo eyenyama ekhukhumeleyo, babuya phezulu lapho futhi bathi, "Manje, khangela, thina . . . Wena qhubeka uye phezulu. INkosi ilawe, futhi iNkosi izakupha leso siqinti selizwe phezulu lapho, ukuthi, sizakuba ngesakho. Uzakufuqa amaSiriya yonke indlela emuva. Uzakukwenza." Omunye wabo wazenzela ipheya yempondo ezinkulu zensimbi, futhi waqala ukugijima njenga *lokhu,* esithi, "Lokhu yikho, uzakufuqela amaSiriya khatshana."

102 Kodwa, uJehoshafathi, engowomoyo ngokwengeziweyo kancinyane, ukuhambisana lalowombhedo wokwenza inhlekisa. Kunjalo.

103 Nkulunkulu, sinike abanengi oJehoshafathi, siyagula futhi sikhathele ngalokhu lapha inhlekisa yeHollywood. Kunjalo, ukufanisa, ukuzenza ukuba ngenye into abangayisiyo; befanisa, besenza umdlalo wesiteji, bedonsela phakathi. Futhi-ke lapho bengena, kuyini olakho lapho ungena? Njengokucela umuntu, "woza ubhukutshe enkangala." Kungelalutho kodwa itshebetshebe lasokhunjini phezu kwekhanda lakho, ukubangela izinsizi emva kwakho.

104 Manje nanzelela, kuyini ongabaletha kukho? Ikhosikazi elithile lathi kimi ngolunye usuku, "Indoda yathi, 'Ngizahamba ebandleni, kodwa kuyini—kuyini engizakuthola lapho ngisiya ebandleni?' Wathi, 'Konke abakwenzayo yikuhlela okuthile ukudla kwantambama, futhi baya . . . mayelana nga*lokhu, lokho*, futhi lo*kunye*.'" Futhi ikhosikazi lathi, "Ngama ngingelamazwi, ngoba ngangingazi lapho engangingamthumela khona." Nanko-

ke. Wathi, "Ngiyafisa ngabe ngingathola ibandla elidala lapho abahlabela khona sibili amahubo efashini endala futhi baphile ngobunkulunkulu."

105 Abantwana balambile, bazakudla ebhimu lengcekeza. KuseBandleni likaNkulunkulu ophilayo ukubapha iLizwi leqiniso eliphilayo lika . . . likaNkulunkulu.

106 Lapho, kubo bonke lobobukhazikhazi lezinto, uJehoshafathi wathi, "Akula omunye oyedwa?"

107 "Omunye futhi?" wathi uAhabhu. "Awu, kuyini okufunayo ngomunye oyedwa futhi? Silamakhulu amane abedlula bonke, abakhethiweyo, abafundileyo, abondlwa okuphezulu, amadoda agqokisiweyo akhona elizweni, bamile lapha. Bonke ngamunye wabo bengqondonye, lenhliziyonye, lelizwi linye, besithi, 'Hamba! UNkulunkulu ulawe.'"

108 Ngiyamangala uba iUnited States ingahlangananga lento efanayo. Ngiyamangala uba iBandla likaNkulunkulu lingakahlangani lento efanayo. Angazi. "Awu," uthi, "khangela, babalempumela. Babalemikhulu, imihlangano emikhulu. Bathwala izinkulungwane ngasikhahi sinye." Kodwa angazi uba kungela omunye oyedwa njalo. Angazi uba kungela enye into eyahlukileyo.

109 Siyafumana, silenkulungwane ezingamatshumi amathathu zabaphendukayo kumaviki ayisithupha, futhi amaviki ayisithupha alandelayo asila loyedwa. Kulento engalunganga kwenye indawo. Kunjalo. Futhi konke yibukhazikhazi, yikufanisela. Umhlaba, ngetelevizhini, ngomsakazo, ngamabhayisikopo, lalezondawo zokuthengisela lapho, sokubolise ilizwe leli ngombhedo weHollywood. Kunjalo. Yonke into ifuna ukuba ebukhazikhazini obukhulu. Kayisilo iqiniso na? Liyakwazi ukuthi lelo liqiniso. Asisela ngitsho inkolo yefashini endala esasivame ukuba layo iminyaka edluleyo. Kungoba yokuthi kwayekethiswa phansi. Sizangena kukho, ngesikhatshana nje, lizabona.

110 Ngani, ngumfanekiso bani omuhle, kumbe umfanekiso onyakazisayo, ngimele ngitsho. Futhi nanko kusiza luJehoshafathi, wathi, "Yebo, ngiyababona bonke. Bona, bonke, balamadigri abo," laloba yini okwakuyikho. "Okwabo konke yikuba ngabaprofethi, kumbe abatshumayeli abakhulu. Baphuma kumakholeji amakhulu. Futhi bonke bayilokhu. Baphuma esikolo esikhulu somprofethi, lakho konke. Bonke bangqondonye. Kuliqiniso lokho. Kodwa kakula nje omunye oyedwa?"

111 "Awu, kuyini ongakufuna ngomunye oyedwa, lapho amakhulu amane evumela ngasikhathi sinye na?"

112 Kodwa leyondoda, khona phansi enhliziyweni yakhe, wayeloNkulunkulu. Futhi wayekwazi ukuthi kwakulenye into engalunganga ngalokho. Yebo, mnumzana. Wayekwazi

ukuthi kwakulento ebolileyo. Ngani? Ake ngilinike . . . UMbhalo kawukucaphuni, kodwa nanku engikutholayo. Ngiyakwazi ukuthi—ukuthi uJehoshafathi wayesazi ukuthi lowomzenzisi phansi lapho, uAhabhu, ukuthi wayengalungisananga loNkulunkulu. Futhi uElija wayeprofethile iLizwi likaNkulunkulu kuye. Futhi uNkulunkulu wayengabusisa kanjani lokho Ayekuqalekisile? Ameni.

113 Ngikhuluma into efanayo lamuhla, mngane. Futhi iBandla likaNkulunkulu ophilayo, elimiyo liqinisekile kuNkulunkulu, lizakutsho into efanayo. Awungeke uhlanganise amafutha lamanzi ndawonye futhi ukubize ngokuthi usindiso. Awungeke. Kufanele uzehlukanise sibisakho, mfowethu. Enye into kumele yenzakale. Nxa kulethemba eliseleyo, kumele senze enye into, futhi siyenze masinyane; ngoba, ihola loHlwitho seliseduze.

114 Izinto ziyabuthelela, yonke into, futhi ibandla likhatshana kakhulu. Babala inhlobo zonke zamamagazini, amabhuku, inganekwane, lakho konke. Ngingahamba lamuhla e . . . Ngingahamba ebandleni, futhi ngingathi, "O, bangaki abakwaziyo . . . " Bazi lonke ihubo, emva kwenye yalezi imvuselelo ezinkulu. "Manje, lipheji liphi—liphi ihubo elithile-thile elikuyo?" Bayakwazi. Bayakwazi ukuthi ungubani. Bayakwazi okhankasela ukuba nguMongameli, futhi ngubani okhankasela *lokhu,* lokuthi zingaki ingcwethi zemidlalo ezitshadileyo, *lokhu* la*lokho,* lo*kunye*. Kodwa, iLizwi likaNkulunkulu, abazi lutho ngalo. Nanko-ke. Ngakho sinika okwabo gla- . . . Futhi, kukanti, bavuma ukuba ngamaKhristu.

115 Futhi abantu abalakusolwa. Kuvela ngemuva kweplatifomu, lapho okuvela khona. Khona kanye. Kuvela ngemuva kweplatifomu. Babafundisa inhlobo zonke zokuhambelana kwamaphimbo, lazo zonke inhlobo za*lokhu* la*lokho,* lezinhlanganiso, lokuthi enziwa kanjani amaqembu abatsha, lakho konke kanjalo. Angazi uba kubhadalwa. Akula lutho olumelana lakho, kodwa ngiyamangala uba leso kuyisidingo sikaNkulunkulu.

116 Lapho, uJesu wathi, "Ngaphandle kokuba umuntu azalwe ngamanzi langoMoya, akasoze angene eMbusweni. Lowo ozaku for- . . . ozalandela emva Kwami, makazidele, lentokozo zakhe zasemhlabeni, athathe isiphambano sakhe, futhi alandele emva Kwami." *Isiphambano* ngumfanekiso owo "kufa, ubuhlungu." "Lowo ozakuba ngumKhristu, makazihlubule imicabango yakhe. Makazihlubule imisebenzi yakhe uqobo. Makazihlubule kukho konke, ezidela sibisakhe, futhi athathe lesosiphambano esinikelelweyo, futhi Angilandele nsuku zonke. Lowo ozakuza emva Kwami, makakwenze lokho." Yikho lokho uJesu akutshoyo.

117 Kodwa, lamuhla, sithi, "Wonke umuntu woba lesikhathi esikhulu. Wonke umuntu qakeza izandla zabo. Wonke umuntu

memeza, 'Haleluya!' Wonke umuntu yenza *lokhu*." O, sileqembu elinganani lokuxokozela! Amen. Nkulukulu . . . Sithola ingoma lezi ezintsha futhi sizihlabele ngesiqubu, ukuthi kukhangeleka sengathi sizagijima sidlule emdulwini lazo, kumbe into enjenga lokho.

118 Lapho, ngicabanga, uba singahlabela, *Duze, Nkulunkulu Wami, Lawe,* kungabangcono kakhulu kulo iBandla; amahubo ayifashini endala.

119 Thola abantu bomdanso we-okhestra, omunye umfana kumdanso we-okhestra ngalapha ekhalisa, ubusuku bayizolo, futhi lobubusuku lapha ekhalisa ebandleni likaNkulunkulu ophilayo? Kuyisinengiso emehlweni kaNkulunkulu. Lowomuntu makavivinywe, kuqala, futhi makalethe isithelo, esifanele ukuphenduka, ukutshengisa ukuthi ulungile kuNkulunkulu.

120 Baletha umhlaba wejazz kupulatifomu. Baletha iHollywood, ukutshumayela kobukhazikhazi, khona kupulatifomu.

121 Ngani, kangihlalanga yini edolobheni lenu elihle, amaviki amalutshwana edluleyo, eLouisville, Kentucky? Inhliziyo yami yephuka, lapho bonke behlezi lapho, bethanda ukubona izimangaliso zikaNkulunkulu; futhi masinyane lapho utshumayela iVangeli, babegcwala, ngomzuzwana, futhi bafulathele futhi baphume phandle kwesakhiwo. Ngeqiniso. KabaLifuni. Inhliziyo zabo zenziwe zaba lukhuni. Baphume phandle; futhi abanengi babo, amaProtestanti, futhi, abahamba emabandleni amaProtestanti. Kodwa kwakulabagcwala . . . begcwaliswe ngobukhazikhazi lakho konke kanjalo, okombhedo lobusonto, baze bangazi lutho ngoMoya kaNkulunkulu ophilayo. "Belesimo sobunkulunkulu, futhi belandula aMandla akho."

Lusuku bani esiphila kulo. Khangela lapho okubuthana khona.

122 UJehoshafathi wathi, "Ngiyazi, Ahabhu. Kulabatshumayeli bakho abangamakhulu amane. Bonke ngababafo abakhangeleka kuhle, bonke ngamunye wabo begqokile futhi lenwele zabo zikanywe kuhle, lakho konke, loba yini okunye abangaba yikho. Bengaba lama D.D. abo. Bengaba lenhlobo zabo zonke zamadigri. Bangabayazi iMibhalo, kusukela kuA kusiya Z. Kodwa ngabe lingela omunye oyedwa, kwenye indawo? Akula nje oyedwa, kwenye indawo?"

123 Wathi, "Yebo, kukhona omunye oyedwa, kodwa ngiyamzonda." Nanko-ke. Nanko-ke. "Ngiyamzonda." Khumbula, uAhabhu wayeyindoda yenkolo, futhi laba babengabafundisi benkolo, kodwa bayizonda lindoda eyayileQiniso. Wathi, "Ngiyamzonda." Wathi, "Uhlezi ekhalimela enye into ngami." Engakwenqabela njani ukuba akwenze, lapho iLizwi likaNkulunkulu lalimlahlile?

124 Ungathula kanjani nxa uyindoda kaNkulunkulu, kumbe owesifazana kaNkulunkulu, futhi ukwazi, lokubona isono

lezinto, zibuthelelwe futhi zalinganiswa, lakho konke kanjalo; futhi ubona imiphefumulo yabantu isiya esihogweni; izigidi ngosuku; futhi ume uthule? Awungeke ukwenze.

Omunye wathi kimi ngolunye usuku, wathi, "Ucabanga ukuthi ungakumisa?"

125 Ngathi, "Hatshi. Angeke ngikumise, ngoba uNkulunkulu wathi. Kodwa ngolunye usuku, esiHlalweni sokwaHlulelwa, bazakudonsela phandle iskrini esikhulu, bebaneka ikhamera laphaya, futhi leyo thephu rekhoda izakukhaliswa. Futhi ngizakuma futhi ngiyilalele; ngifuna ukuzwa ilizwi lami lixwayisa ngakho. UNkulunkulu uzangahlulela lapho ilizwi lami lisiza liphambana lakho." Yebo, mnumzana. Lapho sibona limpilo, lesisizukulwane, siphindwa kakutsha ngale ekwahlulelweni. Ngeqiniso. Siphila esikhathini esibi. Futhi nanko kulapho.

Futhi siyambona ekwenza . . . wathi, "Akula omunye oyedwa?"

126 Wathi, "Yebo, kodwa ngiyamzonda, ngoba uhlezi eprofetha okubi ngami."

127 Engayekela kanjani ukutshumayela lezo zinto ezilukhuni, lapho ekubona kusenzakala? Bona uAhabhu ephila njengalokho ayeyikho futhi esenza njengalokho ayeyikho, futhi eletha abantu njengalokho abayikho.

128 Owesilisa kaNkulunkulu, kumbe owesifazane kaNkulunkulu, engakwenqabela kanjani ukumemezela lokukhalimela isono kuzo zonke inhlangothi? Lapho, bayabona laba abatshumayeli ababuthukuthuku, lezikhazikhazi, labafundileyo, lokunjalo kanjalo, bevumela abantu bahambe esihogweni, ngezigidi, ngaphansi kokukhohlisa; abanengi be . . . loba ebantwini bobungcwele. Kangikhulumi kangako ngamaMethodisti lamaBaptisti, lezinto ezinjalo; balakho, labo. Kodwa kukhona phansi phakathi kwamaqembu enu uqobo.

129 Minabo, besiza kuplatifomu, benjengezinto zonke kuphela amaKhristu, bephila njengento yonke, ngaphetsheya kwamazwe lezinto, besebekubiza ngokuthi "inkolo." Kuyinkolo, kodwa kukude kakhulu lasensindisweni yeNkosi. Kunjalo. Bangenisa nje abantu eqembini elikhulu elamadlabuzane. Khona-ke masinya lapho amadlabuzane amancane esephelile, khona-ke, into yokuqala uyazi, awungeke uthole oyedwa wabo; ibandla lihlezi lingelalutho. Mfowethu, nxa umuntu ethanda uNkulunkulu, uzagcwalisa isihlalo sakhe ebandleni, sonke isikhathi. Angeke ahlale engekho kuso. Kunjalo.

130 Manje nanzelela, imizuzu emilutshwane nje. Ngizazama ukuphangisa, ngiqonde kanye emcijweni manje, ngoba isikhathi sami siyabaleka.

Nanzelela, khona-ke wathi, “Akusela lapho kodwa omunye oyedwa na?”

131 Wathi, “Yebo, kodwa ngiyamzonda. Uhlezi eprofetha kubi ngami. Ukhuluma izinto ezimbi ngami.”

“Kulungile,” wathi, “hamba uyemthatha.”

Wathi, “Ibizo lakhe nguMikhaya.”

132 Kodwa lindoda yayilenkolo eneleyo ukwazi ukuthi laba abafo babengalunganga.

133 Futhi loba nguphi umuntu owake wathintwa, kancinyane, ngoMoya kaNkulunkulu, uyazi ukuthi izinto lezi, ezibizwa ngokuthi isiKhristu lamuhla, azilunganga. “Awungeke uthande umhlaba, kumbe izinto zomhlaba. Nxa uzithanda, uthando lukaNkulunkulu kalukho kuwe.” IBhayibhili latsho njalo.

Manje khangela. Wathi, “Hamba uyemthatha.” Futhi bahamba.

134 Futhi-ke wathumela isithunywa esidala ngalapho, umdikhoni webandla, mhlawumbe, kumbe omunye umuntu, waya khonale futhi wathi, “Manje khangela, Mikhaya, sizakukuletha lapha phambi kukaAhabhu loJehoshafathi. Manje, bobabili bahlezi phandle lapho, futhi bangamadoda amakhulu manje. Bangabafundisi futhi bangabafundileyo. Futhi bathola amadigri abo, lokunjalo. Lawo wonke amaseminari ethu, wonke ngalinye amabandla ethu lapha, aphelele ekuvumelaneni ukuthi lokhu kuyintando kaNkulunkulu. Manje, ukhulume into efanayo abayitshoyo, futhi, ngizakutshela, uzagqoka ngcono futhi ugibele ngemota yeCadillac. Ngiyakutshela, uzakuba ngumfo omkhulu nje nxa ungakwenza lokho. Yebo, mnumzana. Uzaphumelela.”

